



Vuk'uzenzele

Niyethulelwa wuPhiko likaHulumeni Lwezokuxhumana kanye Nokuhlizeka Ngolwazi (GCIS) isiZulu/English

UNdasa 2016 Ushicilelo I



Isikole esisha sezingane ezinesifo se-autism

Ikhasi 7



Ukwesekwa kwentsha yasezindaweni ezisemakhaya

Ikhasi 8

INEZIKHANGISO ZEMISEBENZI

Asiqhubeleni iNingizimu Afrika phambili ndawonye



UMongameli uJacob Zuma usegugquzele abantu baseNingizimu Afrika ukuba basebenzisane ndawonye ukusiza leli lizwe ukuthi liqhubekela phambili.

Chris Bathembu no-Amukelani Chauke

UMongameli uJacob Zuma usethathe igxathu ukuqinisekisa abantu baseNingizimu Afrika, abahlalele ovalweni ngenxa yezimo zezomnotho ezingazinhle neze njengamanje, ukuthi akumele balahle ithemba, kodwa esikhundleni salokho kumele basebenzisane ndawonye ukugququla lesi simo sibe ngcono. Ethula Inkulumbo yakhe Ngesimo Sezwe ngenyanga edlule, eyayibukelwe yizigidi za-

abantu, uMongameli uZuma ukubalulile ukuthi izimo ezinzima emhlabeni wonke nalapha ngaphakathi ezweni lethu kumele zisigququzele "ukuthi imizamo yethu siyiphinde kabili, sisebenza ndawonye njengayo yonke imikhakha".

"Sesibe nemihlangano enezithelo ezinhle nabamabhizinisi, kubandakanya nomhlangano osezingeni eliphezulu kanye Nabaphathi Abakhulu (ama-CEO)...sesiyizwile imibono evela emphakathini wezamabhizinisi maqondana nokuthi singasiguqula kanjani isimo sibe ngcono futhi sibuyisele umnotho emu-

va emzileni okhulayo," kusho uMongameli uZuma.

Umemezele ukuthi uhulumeni useqala uhlelo olubizwa ngokuthi yi-'One Stop Shop/ Invest SA' ukukhombisa ukuthi iNingizimu Afrika ivulelekile ngempela ukwenza ibhizinisi. Uhulumeni uzokusheshisa ukuqalisa ukusebenza kwale nsizakalo, ngokubambisana nabomkhakha ozimele.

UKUWOHLOKA KOMNOTHO EMHLABENI JIKELELE

UMongameli uZuma ukhumbuze abantu baseNingizimu Afrika ukuthi izwe lakithi, njengamanye amazwe amaningi asafufusa, lithintekile ngenxa yokuwohloka komnotho emhlabeni jikelele.

"Iqiniso esibhekene nalo njengamanje elokuthi ukukhula komnotho womhlaba wonke kusalokhu kume nse. Izimakethe zezimali ziyantengantenga. Izimali zamazwe asafufusa seziphenduke zaba ntekenteke futhi ziyaguququka kakhulu.

"Ngenxa yokuthi umnotho wethu mncane kakhulu futhi uvulekile, uphazanyiswe yizo zonke lezi zinguquko. Umnotho wethu uphinde waphazanyiswa izimbangela zalapha ngaphakathi ezweni ezinjengemikhawulo kagesi kanye nobudlelwano phakathi kwabasebenzi nabaqashi obubuye buntengantenge kwezinye izikhathi," kusho yena.

Umnotho waseNingizimu Afrika uphinde waphazanyiswa izimbangela zalapha ngaphakathi ezweni ezinjengemikhawulo kagesi kanye nobudlelwano phakathi kwabasebenzi nabaqashi, obubuye buntengantenge kwezinye izikhathi.

Isikhwama Sezimali Somhlaba Wonke (i-IMF) kanye neBhange Lomhlaba baqagula ukuthi umnotho waseNingizimu Afrika uzokhula ngaphansi kwe-1% elilodwa kulo nyaka. Imiphumela yokukhula komnotho

ephansi kanye nesimo sokubukeka kwawo kuhlangoza ukuthi ukuqoqwa kwezimali ezingenayo kuzoba ngaphansi kwalokho obekulindekile ngaphambili.

UMongameli uphinde wavuma ukuthi iNingizimu Afrika ibukeka isengcupheni yokulahlekelwa isimo sezinga layo lokutshalwa kwezimali esithola ezikhungweni zokulinganisa.

"Uma lokho kwenzeka, kuzobiza kakhulu kithina ukuboleka imali emazweni angaphandle ukukhokhela izinhlelo zethu zokwakha

"U-Eskom, yize kunezingqinamba, usakwazi ukugcina umnotho uqhubeka, ngaphezu kwazo zonke izinkinga. Izikhungo zethu zokuthuthukisa ezezimali ezinjengeNhlango no Yokuthuthukiswa Kwezimbongi, Ibhange Lezentuthuko laseNingizimu Afrika kanye nezinye zihlinzeke ngemali yengqalasizinda, izimbongi ezinhlobonhlobo kanye nama-bhizinisi ezolimo ngaphandle kokwahluleka, ngisho ngemuva kwenhlekelele yezinkinga zezimali umhlaba wonke."

impilo engcono yawo wonke umuntu, ikakhulukazi abantu abahluphekayo."

Unxuse abantu baseNingizimu Afrika ukuba balisebenzise ithuba lesilinganiso sokushintshana kwamandla emali kanjalo nezinguquko zakamva zezimisomthetho ze-visa, ukufukula ezokuvakasha okwenzeka ngaphakathi ezweni lakithi. Ezokuvakasha

> **Iqhubeka ekhasini lesi-2**

SA urged to register to vote

South Africans have been encouraged to register to vote in the upcoming local government elections.

The first registration weekend will be on 5 and 6 March. President Jacob Zuma announced during the State of the Nation Address, in Parliament, that the local government elections will be held within three



months after 18 May, the date of the last local government elections.

"We urge the youth, in particular those who are turning 18 this year, to register in their numbers for this first ever opportunity to cast their votes," said President Zuma.

FINDING YOUR CORRECT VOTING STATION

All eligible voters (South African citizens aged 18 or older) should ensure they are registered in the correct

voting district where they ordinarily live. Voters who are already registered can SMS their ID number to 32810 (cost R1) to receive confirmation of their voter registration details including the name of their voting station.

Voters need to take with them their green barcoded ID book, smart ID card or a valid temporary ID certificate to the voting station. No other forms of ID are accepted for voter registration.

It's important for voters to vote where they live.

Register to vote in the 2016 Municipal Elections on 5 and 6 March 2016. All voting stations will open from 8am to 5pm over the weekend of Saturday 5 March and Sunday 6 March.

There are a number of ways voters can find their correct voting station:

- Call the Electoral Commission Contact Centre on 0800 11 8000 between 7am and 9pm weekdays.
- Use the voting station finder app on the IEC website at www.elections.org.za
- Dial *120*IEC# (*120*432#)

ngobuxhakaxhaka bukagesi bushintsha ngamandla akhuphukile izimpilo zabahlali baseGoli njengoba ukukhishwa kwengqalasizinda ye-ICT okwenziwa yidolobha kuthola umfutho.

Ezinyangeni eziyisithupha ezizayo idolobha lizoqhubeka nokunweba izindawo ezizokuba neWi-Fi futhi lethule ubuchwepheshe obusha obenza kangcono ukuxoxisana nabahlali futhi obukhuphula ikhwalithi yokuhanjiswa kwezidingongqangi.

Umqondo we "Dolobha Elisebenza Ngobuxhakaxhaka Bukagesi" owaqhakanjiswa nguSodolobha uTau Enkulumweni Echaza Ngesimo Sedolobha usuqala ukubumbeka. "Ukufinyelela ezintweni ezisebenza ngobuxhakaxhaka bukagesi sequqala ukuba yindaba yokulingana emphakathini wethu njengokufinyelela amanzi kanye nogesi," kusho uSodolobha uTau.

Uhlelo Olukhulu lweDolobha Elisebenza Ngobuxhakaxhaka Bukagesi selufezekise inqwaba yezinzuzo kakade futhi luzoqhubeka nokukhishwa esigamini sokugcina sonyaka wezimali esikuwona.

Ukutholakala kweWi-Fi yamahhala kuyasabalala nedolobha lonkana. Izakhiwo eziphethwe yidolobha ezingaphezu kwe-100 sezixhuniwe kakade kanti izizinda zeWi-Fi ezingama-370 seziqalile ukusebenza bukhoma. Imeshi engasebenzi ngezintambo seyethuliwe eBraamfontein, evumela abantu ukuba baxhume kwiWi-Fi yamahhala kosihlalamathangeni (laptops), amathebhulethi kanye nomakhalekhukhwini abavunyelwe futhi bathwebule ulwazi olufinyelela ku-1GB ngenyanga mahhala.

Eminye imitapo yolwazi engama-35 eseGoli isixhuniwe kwintethiwekhi ye-broadband kanti eminye engama-52 izolandela phakathi nonyaka wezi-2016. I-broadband esheshayo neyamahhala izonikeza abahlali baseGoli ukufinyelela amanyuvesi amakhulu avuleka nge-inthanethi lapho bengakwazi khona

ukwenza izifundo zabo futhi bathole iziqu ezikhungweni eziguqiyaziwe emhlabeni wonke jikelele.

UKUTHUKULULA AMAKHONO OKUQAMBA KABUSHA

Ngokusebenzisa isihloko esithi #Hack.Jozi Challenge ezinkundleni zokuxhumana idolobha lihehe abantu balapha ekhaya abanobuhlakani bokuqamba kabusha kanye nosomabhezini abaqhamuke nemiqondo emihle kakhulu yemikhiqizo yezinto ezisebenza ngobuxhakaxhaka bukagesi ezizosiza ukuxazulula izinkinga emiphakathini yabo ehluhlakene. Isamba sezigidi ezi-5 zamarandi sesibekwe eceleni ukweseka amabhezini asafufusayo ezinto ezisebenza ngobuxhakaxhaka bukagesi kuleli Dolobha Elisebenza Ngobuxhakaxhaka Bukagesi.

Ngokubhekelela ukufuduka kwabantu ngesivini esiphezulu befudukela emadolobheni, kunesambulo esikhulayo esibonakalayo sokuthi izixazululo zakusasa zezindaba ezisemqoka ezibhekene noluntu kuyodingeka ukuba zitholwe ezinhlekeni ezisemadolobheni futhi ziholwe abaholi bohulumeni bezindawo. Amanye amadolobha abheka eningizimu kakhulu manje, emadolobheni anjengeGoli, ukuthola ugqozi nomdlandla wokuqamba kabusha. Lena yindima idolobha laseGoli, njengedolobha laseAfrika elilangazelela ukuba sezingeni lomhlaba, elifisa ukuzijwayeza ukuyidlala.

IMIKLAMO EMIKHULU YOKWAKHIWA KWEZINDLU

Idolobha liqhubekela phambili ngokuphelele ukuze lihlangabezane nenjongo yalo yokuqeda ukwakha izindlu eziyizi-95 000 ngonyaka wezi-2019.

Imiklamo emikhulu yokwakhiwa kwezindlu ezokuba nomthelela obonakalayo ekukhuleni okwenzeka edolobheni kusakhulunywa ngayo noma isisezigabeni zokuhlelelwa. Isamba

sezigidi ezingama-657 zamarandi sabekwe eceleni ukuze sisetshenziselwe imiklamo yokwakhiwa kwezindlu ngonyaka wezimali wezi-2015/16 – nokucishe kube yisamba esiphindwe kabili kuleso esasabelwe unyaka owandulela lowo. Lesiamba sizokhushulelwa ezigidini ezingama-932 zamarandi onyakeni wezimali ozayo.

Le miklamo izohlinzeka ngamathuba entuthuko emaqondana nokuminyaniswa kwabantu kanye nokuthuthukiswa kwezinto ezisetshenziselwa izinhloso ezihluhlakene kanye nezokuthutha ezisebenza ngokuxhumana, okuzohlanganisa amathuba ezomnotho nezindawo abantu abahlala kuzo. Izintuthuko zifakwe emaqoqweni ezinsika eziyisikhombisa, ezisabalele nalo lonke idolobha ngokokuklanywa kwemingcele futhi zihlelwe ngokuhambisana nohlelo lwaseGauteng Lokuguqula, Ukwenza Isimanjemanje kanye Nokwenza Izimboni Kabusha.

Izinsika eziyisikhombisa yilezi:

- Insika 1 eyaziwa njengeDolobha iLanseria izinze engxenye esenyakatho yeDolobha. Kuzokuba nemiklamo emikhulu ezindaweni ezizungeze iLion Park, eMpumalanga neDiepsloot kanye naseRiverside View, Ext 28. Lo miklamo uzothela izindlu zokuhlala eziyizi-46 500 futhi uzosebenza njengentuba phakathi kweDolobha laseGoli, iTshwane kanye noMasipala weSifunda saseWest Rand.
- Insika 2 izinze eNyakatho Ntshonalanga yaseGoli. Imiklamo eqhubekayo ibandakanya iCosmo City kanye nokuthuthukiswa kwendawo iMalibongwe Ridge, esiyabelwe ezinye izigidi eziwu-88.8 zamarandi kwisabiwomali samanje. Ukuthuthukiswa kwendawo iZandspruit eseHoneydew kuzoqhubekela phambili uma izithiyo eziphathelene nezemvelo ezindaweni ezinamanzi sezixazululiwe.

- Insika 3 eseningizimu yedolobha laseGoli izobonisa izintuthuko ezizoqhubekisela phambili izinhlelo zedolobha zokuminyanisa abantu. Imiklamo eseSouth Hills naseKliptown-Nancefield ivele iyahubeka kakade kanti-ke iSouthern Farms neEnnerdale Ext 19 kuzolandela maduzane nje. Ndawonye le miklamo izothela izindlu zokuhlala ezingaphezu kwezi-68 000.
- Insika 4 igxile kwimiNgcele Yenkululeko kanye nokuvuselelwa kabusha kwezindawo Ezisenkabeni Yedolobha laseGoli. Lo miklamo usesesigabeni esandulela ukhulwa kodwa ekugcineni uzohlinzeka ngamakhaya ayizi-50 000.
- Insika 5 yaziwa ngokuthi yiDolobha Elisha 2 futhi ifaka phakathi i-Alexandra neModderfontein, ixhumanisa impumalanga yedolobha kanye ne-Ekurhuleni. Izindawo ezithuthukiswayo ezintsha eRabie Ridge, Marlboro kanjalo nezindlu ezithengisayo eziyinqwaba zisesesigabeni sokuhlelelwa.
- Insika 6 ixhumanisa idolobha laseGoli neSedibeng kanye neWest Rand ukwakha iDolobha Elisha 3. Isamba esiphelele sezindlu zokuhlala eziyizi-24 000 siyaxhiwa eLuthereng kanti futhi intuthuko ebhekwe yisifundazwe saseGauteng eSyferfontein izobonisa ukwakhiwa kwamanye amakhaya ayizi-60 000. Izinkinga ezihlobene nezindawo ezikhumuzelayo kanye nokumuncwa kwamanzi angcolile ngaphansi komhlaba ziyaxazululwa njengoba sikhuluma nje.
- Insika 7 izinze eFleurhof. Izigaba 1 no 2 seziqalile ukuthuthukiswa kakade futhi zizothela amakhaya akusasa ayizi-18 200 ngenkathi izinhlelo zakusasa zokuthuthukisa iGoudrand Ext 4 zisaphenywa.

Umthombo: City of Joburg.

Ukuthuthukiswa kwemigwaqo yaseLephalale

Umklamo wezigidi eziphindaphindiwe zamarandi wokuthuthukisa imigwaqo kubohekeke ukuba uhlomulise izinkulungwane zabahlali baseLephalale, eLimpopo.

Umklamo, owethulwa nguSodolobha uJack Maeko ngoZibandela ngonyaka odlule, uzokwenza ngcono ukufinyeleleka kwezinto zokuthutha kanye nemigwaqo egculisayo ngabantu basezigodini eziyizi-13, uzovumela abahlali ukuba bahambe ngokukhululeka nangokuphepha ezindaweni ezakhele le ndawo.

Inkampani ebizwa ngokuthi yi-Exxaro Grootgeluk coal neSikhungo Sezemigwaqo eLimpopo (i-RAL) banikezele ngethenda yokuqoqha imigwaqo yasendaweni yakwa-Ga-Seleka enkampanini ebizwa ngokuthi yi-Aurecon South Africa (Pty) Ltd.

Amalungu omphakathi ahlala ezindaweni ezakhele neSefithlogo, Morwe, Botshabelo, Moong, Segale, Botsalanag, Kopanong, Kgobagodimo naseLetlora azohlomula ekuthuthukisweni koMgwaqo iRietfontein Road ((D3102 ne D3114). Ukuthuthukiswa koMgwaqo u-D3109 kuzohlomulisa abahlali abaqhamuka eKiti, Motswedding, Dipompong naseMokuruanyane.

Ethula inkulumbo enohlonze emcimbini wokucikicwa kwesivumelwano, uSodolobha uMaeko ubonge i-RAL ne-Exxaro ngegalelo labo ekuthuthukisweni kwengqalasizinda.

"Uhulumeni uyawudinga umkhakha ozimele ukuze abeke phambili izimfuno zomphakathi. Konke kungenzeka inqobo nje uma sisebenzisana ndawonye.

"Lo miklamo womgwaqo uzodala amathuba amaningi omsebenzi futhi uzoqeda nobubha," kusho uSodolobha uMaeko.



USodolobha kaMasipala iLephalale uJack Maeko (ongakwesokudla) ukhulumisana namalungu omphakathi esikhungweni esisha solwazi eMarapong.

Unxenxe amakhansela kanye nabaholi bomphakathi ukuba bazise ngenqubekelaphambili emazikweni abo abavoti. Umphathi we-Exxaro Group obhekene Nokuthuthukiswa Komphakathi, uRamesh Chhagan uthe i-Exxaro izibophezele emathubeni okunikeza amandla.

"Umgwaqo uzovumela ukuhamba ngokukhululeka kwabantu futhi uholele ekusungulweni kwamathuba ezomnotho anhlobonhlobo. Sisalokhu sizibophezelele ukwenza igalelo elibonakalayo emphakathini waseLephalale ukuqinisekisa ukuthi sishiya le ndawo esimweni esingcono kakhulu kunaleso esiyithole ikusona," kusho uChhagan.

Umpathi Omkhulu (CEO) we-RAL uPetros Matji uncome ithimba lalo miklamo ngokushesha inqubo ukuqinisekisa ukuthi kunenqubekelaphambili ebonakalayo

kulo miklamo.

"Ukuqinisekisa ukudluliselwa kwamakhono kwabanye kanye nokufukulwa kwamabhezini amancane asafufusa (SMME) endawo, i-Aurecon izosebenzisana kakhulu ne-Exxaro, Isikhungo Sezemigwaqo eLimpopo noMasipala Wendawo yaseLephalale esigabeni sokuqoshwa kwalo miklamo," kusho uMatji.

Ngaphezu kwalokho, izindlela eziqinile zokusebenza zizosetshenziswa ngesikhathi sokwakha futhi lokhu kuzohlomulisa inqwaba yamalungu omphakathi angasebenzi, ikakhulukazi intsha eqhamuka ezigodini eziseduzane.

AZIBUYE EMASISWENI

Njengengxenywe yomkhankaso owaziwa ngokuthi Azibuye Emasisweni, uSodolobha uMaeko uvule ngokusemthethweni

isikhungo solwazi eMarapong kamuva nje. Sibonga lesi sikhungo nakuba amalungu omphakathi awasahambi amabanga amade ukuze ahambise ama-CV awo enqolobaneni yolwazi lukamasipala.

"Umasipala usuzithwese ijoka lokuqinisekisa ukuthi kuzona zonke izintuthuko zezomnotho ezenzeka endaweni, imiphakathi yendawo ibekwa eqhulwini uma kuziwa emathubeni omsebenzi," kusho uSodolobha uMaeko.

Abasebenzi bezokuxhumana nomphakathi ababili sebeqokiwe ukusiza ukuphatha isikhungo solwazi.

Uhlelo Azibuye Emasisweni, olwethulwa nguMongameli uJacob Zuma ngoMandulo wezi-2014, luhlose ukuqinisekisa ukuthi omasipala basebenzela imiphakathi kangcono ngokuhlinzeka ngokufinyeleleka okugculisayo kwezidingongqangi.

UHULUMENI WASEKHAYA

IGoli – idolobha elinamasu okuqamba kabusha



Kunemiklamo emikhulu yokwakhiwa kwezindlu okusakulunywa ngayo noma esisezigabeni zokuhlelelwa eGoli.

Goli liyaqhubeka nokuzihola phambili njengedolobha eliyindabulabuhlanga eNingizimu Afrika, njengoba libe nokuqagulwa kwezomnotho okuhle ekuqaleni konyaka wezi-2016. Nakuba zikhona izingqinamba zezomnotho, ukukhuphuka kwezilinganiso zenzalo kanye nokuguquguquka kwamandla emali ngesivini esiphezulu, iDolobha laseGoli liqenqeleza phambili ngokuba yisibonelo sozinziso kanye nokuphathwa kwezizimali ngokucophelela.

UKUHEHA UTSHALOZIMALI

Isithunzi sedolobha njengendawo ehehayo kubatshalizimali siqinisekisa yisinqumo sakamuvva sesikhungo somhlaba wonke, iFitch Ratings, sokukhuphuka kanye nokuqinisekisa izilinganiso zedolobha zesikhathi eside.

Isikhungo silincomile idolobha “ngokusebenzisa kwalo isabiwomali ngendlela eqinile” uma liqhathaniswa namazinga omhlaba. Siligcizelelele iphuzu lokuthi iGoli liyidolobha elikhulakazi nelicebe kunawo wonke kuleli lizwe futhi liyikhaya lezikhungo ezinkulu zezezimali kanye namahhovisi akomkhulu ezinkampani zamabhizinisi. Umbiko ubalula kakhulu amandla edolobha okukwazi ukuqoqa izimali ezingenayo kanye nokupha abakhokheli bensizakalo zedolobha lokho okufanele izimali zabo kanye nezintela abazikhokhayo.

Isikhungo iFitch siqaphelile ukuthi, yize kunokuwohloka kwamandla emnothweni kazwelonke, utshalomali lwedolobha lwezigidigidi eziyi-10 zamarandi kwinqalasisizinda isikhathi esiyiminyaka engaphezu kweyi-10 luzokweseka ukusebenza kahle komnotho walo idolobha. Lokhu kuzoholela ekukhuleni okulingene Emikhizweni Ephelele Yasekhaya (i-GDP) ngamaphesenti amabili kuya kwamathathu esikhathini esiphakathi nonyaka nokuzoholela ekunwebekeni kwesizinda sentela uma sihlanganiswa nokukhula kancane kwabantu abahlala kulona idolobha.

Kubatshalizimali bomhlaba wonke, kukhombisa ukuthi iDolobha laseGoli

liyindawo ephiphile futhi esethubeni elihle lokwenza inzalo kutshalomali. Kubahlali abakhele idolobha, abakhokheli bezinsizakalo kanye nabomkhakha wezamazhizinisi, kuthumela imiyalezo emihle yokuthi izinqubomgomo ezisetshenziswe yidolobha zifanelekile kanye nokuthi ubuhlozi bungathenjwa ukuthi buzoqhubeka kule ndlela obuqhuba ngayo.

Lokhu kumele kuholele kutshalomali oluthe xaxa, okuzoholela ekukhuleni komnotho, ukusungulwa kwemisebenzi kanye namanye amathuba ukwenza ngcono ingqalasisizinda kanye nekhwalithi yokuhanjiswa kwezidingongqangi kuleli dolobha.

Kamuvva nje, idolobha lihlabane ngeNdondo ehlonishwayo kakhulu ezindondweni zamadolobha ezaziwa ngokuthi yi-C40 Cities Award zonyaka wezi-2015 ngezinhlelo zalo eziqanjwe kabusha Zomoya Ohlanzekile (Green Bond) eParis. I-Green Bond, ebinqunyelwe okungaphezulu, isivele iqoqe izigidigidi eziwu-1.458 zamarandi onyakeni wezimali odlule kanti-ke le mali itshalwe emiklamweni ehluhlukene emzamweni wokwenza idolobha lingangcoliswa imisi yezintuthu ezingcolile.

INGQALASIZINDA YOKUTHUTHUKISA IMINGCELE YENKULULEKO

Ngonyaka wezi-2012/13, uSodolobha Omkhulu waseGoli uParks Tau wamemezela ukuthi idolobha lizotshala imali engaphezu kwezigidigidi eziyi-100 zamarandi eminyakeni eyi-10 emiklamweni emikhulu yengqalasisizinda ehlobene kakhulu

Nemingcele Yenkululeko. Imingcele Yenkululeko yizintuthuko eziqondene nezinto zokuthutha ezizokwenza idolobha laseGoli lenze kangcono ngokudlulele kunoklanywa kwemingcele yedolobha kwesikhathi sobandlululo ngokusondeza izikole, izinsizakalo, amathuba emisebenzi



Abantu abaningi abasebenzisa izimoto ezincane manje sebepaka izimoto zabo eziteshini ze-ReaVaya bese begibela emabhasini ukuze bahambe idolobha laseGoli lonkana.

kanye neminye imihlomulo eduzane namakhaya abantu, ikakhulukazi emakhaya alabo bantu abahlala emajukujukwini edolobha.

Injongo enkulu yokusungulwa kwemiNgccele Yenkululeko ukuqeda ukuklanywa kwedolobha kwesikhathi sobandlululo, kusungulwe idolobha elibumbene futhi kwenziwe ngcono ukufinyelela kwemiphakathi emathubeni ezomnotho kanye nawemisebenzi.

Kuningi osekwenziwe ukuthuthukisa iRotunda Precinct eseTurffontein, i-Empire-Perth Corridor, iLouis Botha Avenue kanye neSoweto Corridor ezungeze iMooki Drive, kubandakanya nokuthuthukiswa kweSithesi saseNancefield.

Yonke le miklamo yakhelwe ukufukula imiphakathi, ukwenza ngcono ukuhamba kubahlali kanye nokuhlanganisa ndawonye imiphakathi. Ingxenywe esemqoka Yemingcele Yenkululeko kube ukuthuthukiswa kohlelo lwe-Rea Vaya Rapid Bus noseluthole ukunconywa emhlabeni wonke jikelele.

UKUNIKWA AMANDLA KWENTSHA

Idolobha laseGoli lenza amagalelo futhi emizamweni yalo yokufaka intsha ekujuleni kwemisebenzi yezomnotho ngokusebenzisa izinhlelo zokusungula okusha ezinjenge Jozi@Work neVulindlel' eJozi.

Idolobha seliqalise ukusetshenziswa kohlelo lwezintuthuko olubiza izigidigidi ezi-3 zamarandi, iJozi@Work, okuwuhlelo olukhiqizwe ngokuhlanganyela olwakhelwe umasipala ukuba ubambisane nemiphakathi ukufukula ukuhanjiswa kwezinsizakalo zikamasipala emiphakathini.

Lo miklamo unconyiwe embikweni wakamuvva wocwaningo lomhlaba ngempumelelo yawo yokukhulisa amandla emntsha ukugquqezela ukukhula kwezomnotho okuqinile.

Imiphumela iqukethwe embikweni onesihloko esithi “Accelerating Pathways: Youth Economic Strategy Index 2015”. Ushicilelo oluhloniphekile lwezamazhizinisi: i-The Economist lwaqutshwa yi-Citi Foundation ukuba lwenze ucwaningo emadolobheni angama-35 emhlabeni wonke

kubandakanya neSydney, iLondon, iMadrid, iMoscow, iMexico City, iHong Kong neMiami.

USodolobha uParks Tau uchaza lokhu kuhlonishwa kwedolobha njenge “ntuthuko eyamukelekile”.

“Idolobha laseGoli lazi kahle kamhlophe ngesidingo sezinguquko ezisemqoka kwezemfundo, kwezamazhizinisi, ekuthuthukisweni kwamakhono kanye nokuqeqeshwa ukunikeza amandla abantu abasha esimweni samanjanje sezomnotho,” kwengeza yena.

Umbiko uthi “inqubomgomo akudingeki ukuba ibandakanye izindleko ezinkulu.” Ubhekise kwiJozi@Work njengo “hlelo oluqanjwe kabusha olusezingeni eliphezulu” nokuyilona idolobha laseGoli “elizama ngalo ukubhekana nezinkinga ezihlukahlukene zasemadolobheni ngesikhathi esisodwa”.

Uphinde udumise idolobha laseGoli ngoba lenze ukuthuthukiswa kwentsha kwaba ngenye yezinto zalo ezinkulu ezisequlwini ngenxa yesidingo esisobala sezomnotho kanye nesenhlalo ukuze kube nenqubekelaphambili, ngokushintsha labo bantu asebethathwa ‘njengesizukulwane esilindele ukuqhuma noma inini’ babe ithuba lempumelelo.

NgeVulindlel' eJozi idolobha selizibophezele ukusungula imisebenzi emisha eyizi-200 000 yentsha futhi selibambisene nomkhakha ozimele ukuhlinzeka ngemiklomelo yezezimali ngokuthi uqashe intsha.

Idolobha laseGoli seliphinde lasungula inethiwekhi ‘yabeluleki bentsha’ ezingeni lomphakathi ukufinyelela ebantwini abasha, balalele izinkinga zabo bese beqala ukubhekana nezidingo emikhakheni enjengezomfundo, ukuqeqeshelwa umsebenzi kanye nokuqashelwa umsebenzi.

USodolobha uTau uthi iGoli liyidolobha “lapho abantu abasha behola phambili ukushaywa kwekhwela loguquko, ukufunyanisa ngenkani amathuba okusebenza, ukwenza ngcono izimpilo zabo bese beba ngungqaphambili walokho abafisa ukuba yikhona”.

IDOLOBHA ELISEBENZA NGBUXHAKAXHAKA BUKAGESI LIVULA IMIHLABA EMISHA

Ubuchwepheshe obusebenza




Idolobha laseGoli lizibophezele ukusungula imisebenzi emisha eyizi-200 000 yentsha ngokusebenzisa uhlelo olubizwa ngokuyithi yiVulindlel' eJozi.



Idolobha laseGoli laba iDolobha lokuqala ukwethula uhlelo lwamabhasi olwaziwa ngokuthi yi-Bus Rapid Transit. Uhlelo lwe-ReaVaya selwenze ngcono indlela abantu abahamba ngayo.

OKUQUKETHWE

Govt sets aside billions for new port facilities



Government is investing billions to new port facilities. In 2014 Operation Phakisa was launched and implemented in the ocean economy, health, education and mining sectors.

Janine Arcangeli

President Jacob Zuma said R7 billion has been committed to new port facilities.

This follows the adoption of a public-private partnership model for port infrastructure development by Transnet National Ports Authority.

Delivering his State of the Nation Address in Parliament last month, President Zuma said government was concerned that South Africa did not own vessels while the country is surrounded by about 3 000 kilometres of

coastline.

"Through the oceans economy segment of Operation Phakisa, we are trying to solve this challenge.

"I am pleased that two bulk carrier vessels have been registered in Port Elizabeth, and a third tanker in Cape Town under the South African flag," he said.

The Operation Phakisa Big Fast results methodology was launched in 2014 and implemented in the ocean economy, health, education and mining sectors.

Through Operation Phakisa, government aims to implement its policies and pro-

grammes better, faster and more effectively.

Another positive Operation Phakisa development has been the launch of a fuel storage facility in Cape Town, bringing an investment of R660 million.

"Aquaculture appears to be an important growth area within the oceans economy segment of Operation Phakisa. Close to R350 000 private sector investment has thus far been committed in the aquaculture sector.

"Nine aquaculture farms are already in production. These farms are located within the Eastern Cape, KwaZulu-Natal, Western Cape and Northern Cape," said the President.

Operation Phakisa is an adaptation of the Big Fast Results methodology that was first applied by the Malaysian Government, successfully, in the delivery of its economic transformation programme.

The operation addressed their national key priority areas such as, poverty, crime and unemployment.

It involves setting up clear targets and follows up with on-going monitoring processes which makes the results public.

Through this initiative, the Malaysian government was able to register impressive results within a short period.

> Iqhubeka isuka ekhasini loku-1

zaseNingizimu Afrika zizotshala izigidi eziyi-100 zamarandi ngonyaka ukukhuthaza ukuvakasha kwangaphakathi ezweni, ukugqugquzela abantu baseNingizimu Afrika ukuthi bavakashele izwe labo, kusho yena.

KUKHONA INQUBEKELAPHAMBILI EYENZIWAYO

Ebheka emuva kwinqubekelaphambili esiyenziwe eminyakeni embalwa edlule, uMongameli uZuma ukuvezile ukuthi inkampani ethutha izimpahla ephethwe nguhulumeni uTransnet seyakhe ingqalasisinda kajantshi esivumele izimayini zezwe lethu ukuthi zikwazi ukuhambisa izimpahla ngemithwalo emikhulu zidlule emachwebeni ziye ezimakethe emhlabeni wonke jikelele.

UPhiko Lukazwelonke Lwezemigwaqo eNingizimu Afrika (i-Sanral) selakhe eminye yemigwaqo engungqaphambili eGauteng kanye nakwezinye izingxenyane eziningi zezwe.

I-Trans Caledon Tunnel Authority seyakhe amadamu anemithamo ehluhahlukene, enza kube lula kubantu baseNingizimu Afrika ukuthola amanzi okuphuza aphephile.

"U-Eskom, yize kunezingqinamba, usakwazi ukugcina umnotho uqhubeka, ngaphezu kwazo zonke izinkinga. Izikhungo zethu zokuthuthukisa ezezimali ezinjenge-Nhlangano Yokuthuthukiswa Kwezimbongi (i-IDC), Ibhange Lezentuthuko laseNingizimu Afrika kanye nezinye zihlinzeke ngemali yengqalasisinda, izimbongi ezinhlobonhlobo kanye namabhizinisi ezolimo ngaphandle kokwahluleka, ngisho ngemuva kwenzilelele yezinkinga zezimali umhlaba wonke," kugcizelela yena.

UHLELO OLUNAMAPHUZU AYISISHIYAGALOLUNYE

UMongameli uZuma uphinde waninga ngentuthuko ehlobene noHlelo Olunama-

phuzu Ayisishiyagalolunye alumemezela ngonyaka odlule, washo phakathi kwezinye izinto ukuthi kukhona inqubekelaphambili eyenziwe ukuzinzisa ukuphakelwa kugesi.

Uhlelo luhlose ukusimamisa ukukhula komnotho futhi lusungule imisebenzi ebhekwe ngamehlo abovu. Luqukethe, phakathi kokunye, ukuvuselelwa kochungechunge lokuhanjiswa kwemikhiqizo yezolimo kanye nokugugqulwa kwemikhiqizo yezolimo; ukukhuthaza ukuhlomulisana, ukuvumbulula amathuba osomabhizinisi abancane kanye nenselelo yamandla kagesi.

UMongameli uZuma uthe uhulumeni utshale izigidigidi ezingama-83 zamarandi kwa-Eskom, ezenze lesi sikhungo saqhubeka nokufaka izimali kwiziphelilandla iMedupi neKusile, ngenkathi siqhubeka nohlelo lokulondoloza olunomdlandla.

Amanye amayunithi engeziwe avela esiteshini samandla kagesi Ingula azoxhunywa ngonyaka wezi-2017, yize amanye awo ezoqala ukuhanjelaniswa kuwona lonjaka. Izikhathi eziphindaphindiwe zokubhidela uHlelo Lokukhiqiza Ugesi Ozimele Osebenziseka Kabusha sezihehe utshalozimali lwezigidigidi eziyi-194 zamarandi.

"Lolu hlelo oluqanjwe kabusha luyisibonelo esiphathekayo sokuthi uhulumeni angabambisana kanjani nabomkhakha ozimele ukuhlinzeka ngezisombululo ezibambekayo kwizingqinamba yamanje ebhekene nezwe lethu."

UMongameli uthe kulo nyaka uhulumeni uzoqoka abantu abakhethiwe abazobhidela isikhqizo samandla amalahlwele ezimele.

ININGIZIMU AFRIKA SEYENZE INQUBEKELAPHAMBILI ENINGI

Ekhuluma ohlelweni lukamabonakude, i-The New Age Business Briefing, eKapa, ngakusasa emva kokuba ethule Inkulumbo yakhe Echaza Isimo Sezwe, uMongameli uJacob Zuma uthe yize isakhasela eziko maqondana

nombuso wentando yeningi labantu, iNingizimu Afrika seyenze inqubekelaphambili eningi kakhulu ekwakheni umnotho onenkani futhi ofaka phakathi yonke into.

W e n g e z e ngokuthi yize kusekuningi okusadinga ukwenziwa, ugculisekile n g e n q u b e k e l a p h a m b i l i izwe lethu eseliyenzile.

"Ngiyakholwa ukuthi njengezwe, uma kubhekwa iminyaka yethu kanye nezingqinamba, sesenze inqubekelaphambili enhle.

"Sibhekaniwe nezinkinga zezehlalo ezithi-kameza izwe lethu futhi siyisungulile nemisebenzi kodwa inkinga esinayo iyodwa kuphela ukuthi ngenkathi sisungula imisebenzi, silahlakelwa yimisebenzi futhi ngesikhathi esifanayo," kusho uMongameli.

UKUSIMAMISA UTSHALAZIMALI

Uhulumeni, esebenzisa Umnyango Wezohwebo Nezezimbongi, wethula imithobanhliziyo eyimali eyinqwaba eminyakeni embalwa edlule ukusimamisa utshalozimali emikhakheni yezokukhiqiza, ikakhulukazi emafemini endwangu, esikhumba esishukiwe kanye nasemikhakheni yezinsimbi zezimoto.

UMongameli uthe imithobanhliziyo eyimali eyethulwayo emkhakheni wezinsimbi zezimoto isihhe utshalozimali lwezigidigidi ezingaphezu kwama-25 zamarandi eminyakeni emihlanu edlule.

Ukwakhiwa sekuqalile kumaPaki Ezolimo okungenani amahlanu, kumaPaki Ezolimo



Abantu abasha baseNingizimu Afrika bakujabulelele ukuzwa lokho uMongameli Zuma abekuthulela izizwe.

iWest Rand eGauteng, iSpringbokpan eNtshonalanga Kapa, eNcora eMpumalanga Kapa kanye nase-Enkanga eMpumalanga.

UMongameli uthe uhulumeni izikhathi eziningi uthathe izinqumo ezinzima futhi ufake izimali ezindaweni eziningi ukwenza ngcono izimpilo zazo zonke izakhamizi.

"Besilokhu sisebenza kanzima ukutshala izimali. Isibonelo, ingqalasisinda ingenye yezindawo ezibonakala ngokucace bha zenqubekelaphambili esesiyenzile ezweni lakithi. Sakha iziteshi zamandla kagesi ezinkulukazi ukugcuzisa izidingo zomnotho kanye nezidingo zabantu.

"Siqhamuke nohlelo lukazwelonke olwamukelwe yibo bonke abantu baseNingizimu Afrika... Senze ezemfundo zaba yinto yokuqala kwezisequlwini futhi sihlukanise umnyango waba Umnyango Wemfundo Eyisisekelo kanye nowemfundo Ephakeme ukwenza iningi labantu baseNingizimu Afrika, ababekhishwe inyumbazane ngaphambili, babe ingxenyane yomnotho," kusho yena.